


**SENIOR CERTIFICATE
EXAMINATION
*SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN***



**FEBRUARY / MARCH
*FEBRUARIE / MAART***

2007

**ISIZULU ULIMI
LWEBELE
IZINGA ELIPHANSI**

Iphepha Lokuqala

SG

123-2/1

ISIZULU PRIMARY/FIRST LANG 8G: Paper 1

**9 pages
9 bladsye**



123 2 1

SG

X05



**COPYRIGHT RESERVED / KOPIEREG VOORBEHOU
APPROVED BY UMALUSI / GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI**



UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHANSI
(Iphepha Lokuqala)

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

IMIKLOMELO: 75

IMIYALO:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, no-C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Ubunono nokubhala kahle kuyaziswa kakhulu.

ISIGABA A

UMBUZO 1

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGUBANI NGEMPELA ONQOBAYO EMPINI KASIKILIDI

“Phezu kwayo yonke imizamo enenziwe kuvalwa izikhangisi zikasikilidi, izimboni zikasikilidi ziyadlondlobala futhi ziyaphumelela. Mhlawumbe izimboni zasungula uhlelo oluhlukile lokukhangisa okusho ukuthi izingane zisathola umlayezo. Okuchaza ukuthi ukubhema yinto enhle”. Kusho uMuzi Sithole.

Ngaphambi kokushiya kwakhe uMnyango weZempilo, uNgqongqoshe uNkosazana Dlamini-Zuma washaya imithetho elwa nokubhema futhi ezokwenza izimboni ezikhiqiza usikilidi zingahhehi izingane. Bekwenziwa lokhu ngokuthi kuvalwe ngokusemthethweni ukukhangisa, ukugquguzela kanye nokuxhasa usikilidi. UThandi osesebenze iminyaka ekhangisa ngosikilidi uyavuma ukuthi yize ikhona le mithetho evala ukukhangisa ngosikilidi ayisenawo amandla futhi ayisadingekile. Uhlelo olujwayekile lokukhangisa alusasebenzi namhlanje. Sekufuneka izikhangisi ezizokhuluma nomuntu uqobo bese kuthi lesi sikhangisi sibe yingxenywe yempilo yakhe.

Ucwaningo olwenziwe yizimboni ezithengisayo futhi zixhumanise ngezindaba zosikilidi zithi izimboni ezikhiqiza usikilidi ziqondana ngqo nababhemayo ngabanye ngabanye ukuze bathinte imizwa yabo bese beqhubeka nokubhema kunokuba bawuyeke lo mkhuba. Amaphesenti angu-39 esabelo sezimali zezimboni zikasikilidi asetshenziselwa ekugquguzeleni izikhangisi zikasikilidi. Futhi lokhu kuyasebenza. Kwenza nokuthi abantu bahlale njalo becanga ngosikilidi. Enye yezimboni ezikhangisa ngosikilidi yake yathi “Yini engabangela ukumiswa kokukhiqiza usikilidi ngesizathu sokuthi izikhangisi ngosikilidi zivalwe umlomo?”

Ngempela yini? Leli yibhizinisi elikhulu elibiza imali eyi R11 billion ngonyaka eNingizimu Afrika yodwa vo. Okuvele kube wumbhinqo nje wukuthi kubekwe imithetho enzima evimbela ukubhema, kodwa zikhona izindlela ezingcono zokugwema le mithetho enzima. Kusenokushiwo ukuthi uHulumeni nemithetho yakhe evimbela ukubhema ayinamithelela. Okungenani le mithetho isibonakala njengokuthela amanzi emhlane wedada ngoba isiyenze imizabalazo epholile nje, "Uma ngabe uHulumeni ubefuna ukuthi abantu bayeke ukubhema okusho ukuthi uhlulekile impela" kusho uMakhathini ikakhulukazi intsha yona engatshelwa ukuthi kufanele yenzeni". Izibalo ziyakuxhasa lokhu. Abantu abaneminyaka engu-30 ukuya phezulu bayawuyeka usikilidi kodwa inani labantu abangaphansi kweminyaka engu-25 liyanda ekubhemeni usikilidi.

Izimboni ezikhiqiza usikilidi sezilwe nomthetho ovala ukuthengiswa kosikilidi. Indlela yokulwa nomthetho eyokuthi izimboni zihlale zizilolongile ngezizokwenza umthetho omunye ungakashaywa nguHulumeni ozobavimbela. Yingakho nje kubalulekile ukuthi izimboni zihlale zicijile ngokuzokwenzeka kusasa.

IPeter Stuyvesant iyingxenyethuthukile yokuthengisa usikilidi lapha eNingizimu Afrika futhi ekwazi ukugwema ukuvalwa umlomo wokukhangisa. IPeter Stuyvesant isebenzisa i-inthanethi kanye nama SMS ukuze ifikelele kulowo nalowo muntu ngamunye ngamunye. Baze bathi uma ubhema kunokwenzeka ukuthi ungawina uhambo oluya phesheya uyohlangana nabantu "abathile". Kunezindaba ezingaqinisekisiwe ukuthi kubhekwe izingane ezingaphansi kuka-18 kulo mncintiswano, kodwa ubufakazi balokhu abuhlakaniphile ngeke bangena kuleli gibe. Okujabulisayo wukuthi izimboni zikasikilidi zithi sezihlongoze ukuthi iminyaka yomuntu obhemayo mayikhushulwe ukusuka ku-16 kuye ku- 18 lokhu- ke akufanele kuthathwe lula. Isigungu esicwaninga ngezemithi kanye noMnyango weZempilo kuzwelonke zithole ukuthi iningi labantu ababhemayo abavinjelwanga ekuthengeni usikilidi ngenxa yeminyaka yabo uma bethenga usikilidi lowo ezitolo. Intsha ithi ithola usikilidi vele kulezi zitolo lapho abazali bebe bathuma khona bese beweba.

Kwenziwa yini izimboni zikasikilidi zibe nemithetho enzima eyenza ukuthi bakhulume nabavunyelwe ukubhema ngokweminyaka yabo? Yingoba bayazi ukuthi ukubhema yinto yabantu abadala uma nje bezithokozisa. Ngubani-ke ongavimbela izingane zanamhlanje ukuthi zingazithokozisi?

- 1.1 Le ndaba ecashuniwe engenhla ikhuluma ngani? Khetha impendulo ngezansi.
- A. Ngempumelelo kaHulumeni yokuvala usikilidi nokubhema.
 - B. Ngomlando wokukhangisa ngosikilidi.
 - C. Ngendlela entsha yokuziphatha kwentsha.
 - D. Ngemizabalazo ethuthukile yokukhangisa nokudayisa kukasikilidi yizimboni. (1)
- 1.2 Chaza ngamagama akho ukuthi kwenziwa yini ukuthi noma kuvaliwe ukukhangisa kodwa izimboni zikasikilidi zisathuthuka futhi ziyadlondlobala. (1)
- 1.3 Ngubani igama likaNgqongqoshe owaqala impi yokulwa nomkhiqizo kanye nokudayiswa kukasikilidi? (1)

- 1.4 Yimuphi uMnyango ebewuphethe? (1)
- 1.5 Yisho iminyaka ebekiwe nguHulumeni evikela abantwana ukuthi bangathengi usikilidi. (1)
- 1.6 Ngamagama akho chaza umehluko phakathi kwendlela yakudala nentsha yokukhangisa. (2)
- 1.7 Kwenziwa yini ukuthi izimboni zikasikilidi ziqikelele ukuthi abantu bahlale becabanga ngosikilidi? (1)
- 1.8 Yisho ukuthi isitatimende esingezansi siyiqiniso noma ngamanga bese usekela impendulo yakho.
- 1.8.1 Impi phakathi kwezimboni zikasikilidi noHulumeni yimpi esanda kwenzakala maduzane nje. (2)
- 1.9 Yisho ukuthi isitatimende esingezansi siyiqiniso noma ngamanga. Bese ucaphuna esiqeshini ukufakazela impendulo yakho. **Izimboni zikasikilidi zinenzuzo eningi.** (1)
- 1.10 Yipha isizathu ukuthi kwenziwa yini inani labantu ababhemayo abangaphansi kweminyaka engu- 24 landa. (1)
- 1.11 Igama **ukuheha** liqondene naliphi uhlobo lwabantu (1)
- 1.12 Kungani izindlela ezithuthukile ezisetshenziswa yizimboni ezikhiqiza usikilidi zibe yimpumelelo. (1)
- 1.13 Bhala izindlela ezihlakaniphile **ezimbili** zokukhangisa ezisetshenziswa iPeter Stuyvesant. (2)
- 1.14 Izimboni zihlakaniphile ngeke zingene noma ziwele ogibeni. Yiluphi lolu gibe? (1)
- 1.15 1.15.1 Ngonjani umzabalazo opholile? (1)
- 1.15.2 Ukuthela amanzi emhlane wedada ukwenzani? (1)
- 1.16 Kwenziwe yini igama "**abathile**" lifakiwe kubakaki? (1)
- 1.17 Yiziphi izindaba ezingaqinisekisiwe? (1)
- 1.18 Abezimboni bahlongoze ukuthi iminyaka yomuntu obhemayo mayikhushulwe isukaphi, iphelelephi? (2)
- 1.19 Yikuphi okuvezwe lapha endabeni ukuthi kulula ukuthi intsha iwuthole usikilidi bese iyawubhema? (1)

1.20 Yini ngempela eyenza izingane zibheme?

(1)

IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]

ISIGABA B

UMBUZO 2

Qoqa le ndaba ngamagama angevile kumashumi amabili. Qaphela ungagudluki neze kumongo wendaba.

Igalelo labesifazane ikakhulukazi labo abangosomabhizinisi abahlala ezindaweni zasemakhaya lithole ukuklonyeliswa yilabo ababhekene namalungelo abesifazane kanye nezingane kuHulumeni. Emhlanganweni obubanjwe ehholo elisandakwaxhiwa ezabelweni ngase-Tongati. Usekela Mongameli wezwe uPhumzile Mlambo-Ngcuka obenguyena isikhulumi esiqavile nobekhipha imiklomelo ukhuthaze abesifane. Wagcizelela futhi ukuthi isikhathi sesifikile lapho abantu besifazane bafanele babone ukuthi indawo yabo ayisekho noma ayipheleli ekhishini kuphela. Uphethe ngokuthi athi uHulumeni uzosungula umncintiswano wokuvundula abesifazane abanye abangosomabhizinisi abancane, abathuthukisa imiphakathi yabo ngokuncane abakwenzayo ukusimamisa ezomnotho ezindaweni zabo.

Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi kuningi okungenziwa ngabantu besifazane ekuthuthukiseni amabhizinisi kuleli uma benamathuba alinganayo nabantu besilisa ngoba yibo kanye abantu besifazane okuyibona abawumgogodla wezomnotho kuleli lengabadi.

IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]

ISIGABA C

UMBUZO 3

Fundisisa le ndaba bese uphendule imibuzo yohlelo elandelayo:

“... Into nje mngani wami bengikwazisa ukuthi njengoba kuza uKhisimuzi nje ngizokuvakashela. Bengisafuna ukuba ngihogele umoya wasemakhaya nje nonyaka. Ngethemba ukuthi ngiyobe ngihambisana nesinye isihlobo. Uma uhamba ngemoto ibanga elide kuba ngcono kube khona okuphelezelayo. Siyofika ngawo impela uKhisimuzi ngezikhathi zasekuseni nje...” UKhumfela abuye ayifunde le ncwajana evela eGoli. Isho njalo impela ukuthi uyeza uBonginkosi, umfo kaMthiyane okwakungumngani wakhe besasebenza ndawonye eGoli. Uyazi ukuthi uMthiyane yindoda emi kahle, inamatekisi, kanti kwazona nje izimoto zasekhaya zinhle ngokunye. Baze bajwayelana ngezimoto, wase ede emsiza uMthiyane.

Nekhaya lika Mthiyane lalizisho ukuthi kwangena imali kulona. Naye-ke uKhumfela, ngokwazi ukuthi akasoze afika lena emaphandleni uMthiyane, bese esho ukuthi elakhe linjalo, asho nezimali ezinkulu alakha ngazo. Njalo nje kwakuthi uma uMthiyane ethinta eyokuvakashela kwaKhumfela, umfo kaNdlanzi asheshe azilalise.

Nakhu-ke namhlanje uthi uyeza uBonginkosi. Akusekho nokuvimba ngencwadi ngoba akusensuku zatshwala ufike uKhisimuzi. UBonginkosi usazi loya Khumfela owayeyincwancwasi. Kwakunjalo eminyakeni emine eyedlule. Lasuke lashinga lona iGoli, kwase kuba khona abade bemsola sengathi uthatha ngozwani. Wanele wabona ukuthi abomthetho sebethanda ukumzingela, wacabanga ukubhekisa amabombo ekhaya. Okuyikhona okwakumgqunguzela ukuba amonyuke eGoli ukunuka santungwana sengathi kwayena uMthiyane lona unobudlelwane nabomthetho, kanti yena wakoNdlanzi akumhluphi ukubathathela kwabona abomthetho uma belele.

Manje uBonginkosi useyeza. Kumele aqale manje ukwenza amalungiselelo amancane. Hhayi ! Kunjani avele ahambe ngoKhisimuzi bangahlangani nhlobo noMthiyane? Nalokho akusile. Bona abalapha ekhaya bazothini uma enza lokho? UKhumfela ashayeke ikhanda.

Bekuyoba ngconywa uMthiyane eza yedwa. Manje uza nezivashi esazi ukuthi siza endaweni... Asukume ayifunde futhi incwadi. Iyakhuluma incwadi. Aphathwe yidumbe. Ahlale phansi. Isihlalo sakhe sithi pete pete, nakho akabange esahlala ngesu.

Asukume aphumele phandle uKhumfela. Nezwe uqobo lihle isimanga ngalesi sikhathi. Kade kuna izimvula ezinhle, yikho notshani nezihlahla kuluhlaza cwe. Ubona izimbalimbali nje... nemvelo iyazi ukuthi yisikhathi sokubusa lesi, senjabulo

Uthe uma ebuyisela amehlwana akhe lapha ekhaya, lwabuye lwamuthi heqe uvalo lwezivakashi. Ngabe azinjena izinto ukuba imizamo yakhe yaphumelela. Awubheke nje laphaya kuleliya hlozana namanje kusekhona amathambo ehhashi lakhe alithenga ebuya eGoli. Wo! Suka ubegqagqamuka unkabimalanga azizwe eyinkosi.

[Uthingo lwenkosazana]

- 3.1 3.1.1 Lisetshenziswe ukuveza ziphi izingcezu zenkulumo igama-Khumfela kulesi siqephu? (3)
- 3.1.2 Leli bizongxube uBonginkosi lakhiwe ngaziphi izingcezu zenkulumo. (2)
- 3.2 3.2.1 Cezu luni lwenkulumo igama elidwetshelwe kulo musho. Lasuke lashinga lona iGoli. (1)
- 3.3 La magama ancishisiwe angezansi adwetshelwe lapho kuguquke khona umsindo / ukuphimisa.
- 3.3.1 Incwajana.
- 3.3.2 Amehlwana.
- Phinda uwabhale la magama engasancishisiwe bese udwebela uhlamvu / izinhlamvu eziguqakayo. (2)
- 3.4 Ngokusebenzisa isijobelelo esifanele kule mishwana: Yenza kube yigama elilodwa.
- 3.4.1 ...nezimali ezinkulu... (1)
- 3.4.2 ...amalungiselelo amancane... (1)
- 3.5 Yisho ukuthi isakhi esidwetshelwe simeleni ngokohlelo.
- 3.5.1 eGoli. (1)
- 3.5.2 bemsola. (1)
- 3.5.3 amabombo. (1)
- 3.5.4 Baze-bajwayelana. (1)
- 3.6 Anhloboni yesichasiso la magama adwetshelwe emishweni engezansi?
- 3.6.1 Bahlala ndawonye. (1)
- 3.6.2 Elakhe izwi liyazwakala. (1)
- 3.6.3 Izindlu ezinkulu. (1)
- 3.7 Ongqi abalandelayo zisuka nje lapha kule ndaba bachazani? (1)

- 3.8 Shono ukuthi lezi zigejana zamazwi/imisho edwetshelwe endabeni iqukethe sifenqo sini? (2)
- 3.9 Isenzukuthi pete pete sisetshenziswe ukuveza mqondo muni. (1)
- 3.10 Muzwa muni ovezwa yilesi sibabazo:
- 3.10.1 Hhayi! Kunjani avele ahambe. (1)
- 3.10.2 Wo! Suka ubegqagqamuka unkabimalanga. (1)
- 3.11 Le misho engenzansi ikweyiphi indlela yesenzo:
- 3.11.1 Nalokho akusile. (1)
- 3.11.2 Avele ahambe. (1)
- 3.12 Chaza lezi zigejana zamazwi ezisendabeni:
- 3.12.1 Akusensuku zatshwala. (1)
- 3.12.2 Uthatha ngozwani. (1)
- 3.12.3 Ukubhekisa amabombo ekhaya. (1)
- 3.13 Sebenzisa igama idumbe emshweni liveze enye incazelo ngaphandle kwalena esesiqeshini. (2)

[30]

UMBUZO 4

Esikhundleni samagama adwetshelwe bhala igama lomdabu.

- 4.1 4.1.1 Umama ujova ekliniki. (1)
- 4.1.2 Bamfake iringi yesithembiso. (1)
- 4.2 Lungisa konakele bo
- 4.2.1 Inyawo lami lidumbile. (1)
- 4.2.2 Ngifunda isiZulu samampela. (1)
- 4.3 Bhala le misho elandelayo ufake ofeleba endaweni efanele:
- 4.3.1 Usibongile khumalo ucula kahle. $2 \times \frac{1}{2} = (1)$
- 4.3.2 Ngizokhuluma naye esethekwini umfundisi. $2 \times \frac{1}{2} = (1)$

4.4 Bhala izimpawu zokuloba lapho zishiwe khona

4.4.1 Wamemeza wathi Maye Nkosi yami Uma ezwa izindaba ezinhle. $4 \times \frac{1}{2} = (2)$

4.5 Hlukanisa la magama ngokusemthethweni wesiZulu

4.5.1 Ukuhlolwa sekufikile , ngakhoke mazizimisele lezizingane. (2)
[10]

IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 75